# UyaweSaba Umdlavuza Na?

Odokotela abanaso iselapho sawo—kodwa ingelosi ethunywe ivela ebukhoneni beNkosi inike uMfowethu Branham isithako nokusetshenziswa kwaso esingenakuphosisa esiyophilisa noma yimuphi ozwayo ubuhlungu. Lalelani amazwi engelosi:

> "Uma ungathola abantu ukuba bakholwe, akukho okuyoma phambi kwakho. NGEKE NGISHO NOMDLAVUZA."

2 Eminyakeni emithathu kade ngithi angibe sezweni emihlanganweni kaBranham, ngiqaphelile ukuthi umdlavuza yidemoni kaningi impela elinqotshwayo ngenkonzo kaMfowethu Branham. Abaningi kakhulu abezwayo ubuhlungu bomdlavuza bayanqontshwa ngenkonzo kaMfowethu Branham. Abaningi kakhulu bomdlavuza bayaphiliswa kunoma yikuphi okunye ukugula. Ngijabula kakhulu ngalokhu njengoba umdlavuza usekusabalaleni okudlangayo, futhi namanje odokotela abanakhambi lokuwelapha.

3 Abaningi babantu ababizwa emgqeni womkhuleko babukeka beqinile futhi bephilile, nomuntu angehlulela ngokuthi abalidingi ikhadi lomkhuleko; ngenkathi abanye behlezi ezihlalweni ezinamasondo, noma basemibhedeni eyizinhlaka nenombolo yabo ayibizwa. Kodwa angikaze ngikubone kwehluleka, lapho bema lapho ngaphambi kwengelosi yeNkosi, kuyembulwa ukuthi ithunzi elimnyama lokufa lilandela lowomuntu nomdlavuza uthatha impilo yakhe. Qiniso iNkosi yinhle kulabo abayothi masinya bafe ukuba ngokuthanda abaholele ekusindisweni okuphelele.

4 Mngane wami othandekayo, uma unomdlavuza noma ube nokukwesaba, khumbulani kukhona ukuphilisa okunikezwe nguNkulunkulu.

5 Ukwesaba noma yini kaningi kuyisizathu siba yisigqila sakho, noma ngabe ukugula noma ngenye into. IZwi likaNkulunkulu lisitshela ukuba singesabi noma sibeke imiqondo yethu ezintweni ezinjalo.

6 Ngisanda kufunda ephephabhukwini iLIFE udaba olugqamile ngomdlavuza. Udokotela wezokwelapha washo ukuthi abantu bawesaba kanjani umdlavuza enkathazweni yenhliziyo nesifo samathambo, okubuhlungu kude kakhulu. Kwakungumbono wakhe ukuthi ukwesatshwa komdlavuza kwase kuqede amandla abantu baseMelika ngangokuthi kwaze kwaba nomthelela eqinisweni lokuthi abantu abaningi kakhulu bashaywa yiwo. Ngokungaqondile

bazikhathaze kwaze kwafika endaweni lapho belimaze khona umgudu wemizwa yabo futhi balimaze imizimba yabo ngezinye izindlela.

7 Impela uma udokotela wezokwelapha engazindla ukuthi ukwesaba kungamandla aqhubela phambili emva komdlavuza, manje-ke thina njengamaKristu sifanele siqonde konke okuningi kakhulu ukuthi sifanele SINGESABI, kodwa sibonge iNkosi ngokuba ukulunga kwaYo nesihawu futhi sivumele imiqondo yethu iphumule ethembeni nothando phezu kwezinto ezinhle zikaNkulunkulu.

8 Ngihlephulelana nani izithombe nezimfakazo kwiHerald of Faith ukunisiza nibone impumelelo yecebo likaNkulunkulu lokusindiswa kwenu.

9 Zizweni nikhululekile ukubhalela lababantu futhi nibuze ngokuphiliswa kwabo. Bazojabula ukunibhalela. Ukubuka ukuthi mingaki iminyaka abaphiwe ukuba baphile kuyo, futhi bangafi, kuzokhuthaza izinhliziyo zenu. Nikani uNkulunkulu udumo ngomsebenzi Awenzayo ngenceku yaKhe, uMfowethu Branham. Uma ungahle wazi noma ubani ozwa ubuhlungu enalokhu ukugula, fakazani kubo futhi nibatshele ngezinto uNkulunkulu azenzile, nazenzayo, kwabanye.

10 Kwakuyiminyaka emine eyedlula ukuthi, uMfowethu Branham, eholwa nguMoya oNgcwele, wangena esibhedlela sasedolobheni ePhoenix futhi wakhulekela uWilma Baghy, owayebulawa yisifo sofuba. UWilma Baghy uyaphila futhi wasindiswa ngaMandla kaNkulunkulu ukuba abuyisele ukuphila ezinyameni ezifayo. Kodwa lokhu kuphela kwakungukuqala kwezibusiso uNkulunkulu ayezothela izihlambi phezu kukaWilma Baghy.

11 Kafishane emva kwalokho umyeni wakhe washaywa walahlwa phansi ngumdlavuza wesisu futhi wayesesimweni esinzima. Kamuvanyana izinhlungu ebeleni lakhe zembula ukuthi umdlavuza owase usabalalele ezimbanjeni zakhe nakuwo wonke umzimba wakhe. Kwakukhona, ngaphandle kokungabaza, onke amahora amnyama kakhulu kaWilma Baghy. Kodwa noma kunjalo isitha sagadla kanzinyana nokho. Intombazane yakhe eneminyaka eyisithupha ubudala yagula futhi ekuqhubekeni kwesikhathi yadingeka ukuba ingeniswe ukuze ihlolwe. Odokotela bathi, "Indodakazi yakho inelukhemiya isifo esibonakala ngokwanda kwezinhlayiya ezimhlophe egazini futhi ingeke yaphila isikhathi eside kakhulu."

12 Umama, ubaba, nendodakazi bonke babhabheka yilombulali omubi wesintu!

13 Kwase kuthi eminyakeni emibili eyedlula uMfowethu Branham wafika ePhoenix, noWilma Baghy, egula kakhulu, wafika emhlanganweni futhi wama phambi kwakhe lapho

ikhadi lakhe lomkhuleko libizwa. Ngalobo busuku uMfowethu Branham wamtshela ngokugula kwakhe, nalokho kwendodakazi yakhe, kanti futhi nokomyeni wakhe. UNkulunkulu wanisela izibusiso zaKhe zivela ezulwini nabo bonke bobathathu baphiliswa.

14 Kubeyinhlanhla yami nje isikhashanyana esedlule ukuba ngikhulume noWilma Baghy nendodakazi yakhe encane. Bobabili bebeyisithombe sokuba nempilo futhi wangitshela ukuthi umyeni wakhe naye uphiliswe ngokupheleleyo. Mbhaleleni, uyonitshela ngokujabula ukuthi wawemukela kanjani umkhuleko womprofethi kaNkulunkulu futhi wasindiswa. Ikheli lakhe lithi—Nkk. Wilma Baghy, 1407 South 21 Pl., Phoenix, Arizona.

15 Elandelayo yindaba kaHatie Waldrop, 1701 East Glendale Avenue, Phoenix, Arizona, njengoba angitshela yona—yagcwalisa inhliziyo yami ngokukholwa futhi yakhuthaza futhi ngifuna ukuyihlephulelana nani. Njengoba niyifunda, iyoletha ukuthula nobukhona bokunqoba enhliziyweni yenu.

> "Ngifuna ukunibingelela eGameni leNkosi Yethu futhi nginixoxele ngokuphiliswa kwami okwenzeka eminyakeni eyishumi eyedlula lapho ngilele ngifa ohlakeni lombhede emhlanganweni kaMfu. Branham. Lomzamo ungowokusiza noma ubani ongabe uphethwe wumdlavuza.
>
> "Iminyaka engamashumi amabili-nesithupha, icishecishe, nganginokulimala ohlangothini lwangakwesokudla sami, ngaphezu nje kwenqulu. Ngonyaka ka 1957 ngaqala ukuba namalumbo lapho ngingakwazi ukugcina ukudla noma amanzi. Lokhu kamuva kwahlukana namalumbo ngenkathi ngingakwazi ukwenelisa ukuthanda kwami ukudla futhi ngidle ngaso sonke isikhathi.
>
> "Ngolunye usuku ngabona isikhangiso ephepheni lendawo ngodokotela othize edolobhaneni owayethatha ikhanda liye ozwaneni ifluroskopu umshini we-eksreyi ekhanda kuyaozwaneni ngenkokhelo encane yama $5.00. Umyeni wami wangicela ukuba ngiye kuye futhi mhlampe uzosiza ukuthola imvelo yokugula kwami. Ngakho ngoMsombuluko ngafika eofisi likadokotela ngenzela umshini ifluroskopu.
>
> "Udokotela akathokozanga ngalokho akuthola futhi wacela umyeni wami ukuba angene kusesekuseni ngokusa okulandelayo. Safika ngokusa okulandelayo ngeleshumi nqo nodokotela wasitshela ukuthi nganginesifo sethumbu elikhulu esidlangile, futhi wayecabanga ukuthi wayengangisiza

ngokwelapha okuyisithupha. Savumela phezulu. Ukwelashwa kwakuhlanganise ukugijima kwamanzi ashisayo, kancane ngaphezulu kwezinga lokushisa komzimba enanzini yami ihora elilodwa futhi ngezinye izikhathi kube ngaphezulu.

"Ngasekuyeleni enxenyeni yokugcina yeviki lesibili ngaqulekela etafuleni futhi ngenkathi udokotela nonesi bengivuselela, ngabuza, "Ngabe nginomdlavuza na?" Udokotela waphendula, "Yebo, wena sifazane bandla. Ulindeleni isikhathi eside kangaka ukuba uzofuna usizo na?"

"Ngenkathi udokotela ethola lokhu wanginika enye iX-reyi, futhi yakhombisa ukuthi inanzi engenhla ngakwesokudla sami yayilenga njengemicu nje. Wacela ukuba ngibe nomunye udokotela ongenayo ukuba angibuke kodwa ngala njengoba ngangesaba ukuthi babezongiyisa esibhedlela, futhi ngangingafuni ukuhamba. Wayese-ke engitshela ukuthi kwakukhona odokotela edolobheni ababekwazi ukuhlinza futhi basuse isisu sami esingezansi, kodwa ngiyofa ezinsukwini ezingamashumi amabili. Ayikho into engangingayenza kodwa ukuba ngiye ekhaya futhi ngilinde. . .

"Ngaya ngokuba mubi ngiba mubi futhi ngangithatha amaphilisi ukuba ngidambise ubuhlungu obabanda lapho izinsuku zidluladlula. Kodwa o, akabongwe uJesu, nakwabangcwele abakhuleka nami futhi bangikhulekela ngalezozinsuku zobuhlungu ezimnyama! Ukuthi bama kanjani ngakimi, futhi bahlala nami ubusuku, ngenkathi ngiphansi kakhulu!

"Udokotela wawandisa amaphilisi abulala izinhlungu inhliziyo yami yaze yaqala ukuthinteka emiphumeleni yomuthi wokulalisa onamandla. Kwase kuthi umuthi wenhliziyo wadingeka ukuba uthathwe ukuvimbela phansi komthwalo osindayo wokuba nophoyizeni.

"Ngokunye ukusa ngeSonto udadewethu eNkosini wafika ekhaya lethu elincane. Wangibiza ngo 'Ma,' njengoba bonke babenza ebandleni. Waletha izindaba zokuthi uMfowethu Branham wayeza edolobheni futhi wangitshela ngesiphiwo sokuphilisa uNkulunkulu ayemuphe sona, nokuthi wayebakhulekela kanjani abagulayo. Wathi, 'Uza ePhoenix, Ma, futhi ngiyazi uzophiliswa. Ngiyacela bambelela ezinye izinsuku eziyishumi nanye aze afike lapha.' Lawa kwakungamazwi okunxusa omngane

wami. Udokotela wayetshele umyeni wami ukuthi ukuhlasela okubi okulandelayo kwakuzoba ngokubulalayo, nokuthi kulungiselelwe. Ngangikuqaphele lokhu.

"Emva kwezinsuku ezinde eziyishumi nanye uMfowethu Branham waqala imihlangano yakhe ebandleni likaMfowethu Outlaw. Inkonzo yokuqala yayingoMashi 2, 1947, nebandla elincane laligcwele phama baze bawugudluza umhlangano waya endaweni ebanzi. Ngaya emhlanganweni wobusuku bangeSonto kodwa babebaningi ababengaphambi kwami ukuba bakhulekelwe ngokuba angitholanga ukuthi ngibizwe. Ubusuku obulandelayo kwakuyinto efanayo, kodwa uMfowethu Branham wathi wayezokhulekela abagulayo ngoLwesibili ekuseni ngele 10 nqo.

"Kusesekuseni ngoLwesibili ekuseni ngangiqhelisa ezinye izinto ekhishini, nephimbo lathi kimi, 'Gijimela ukufa nokuphila.' Ngabiza udadewethu owayechithe ubusuku nathi ngase ngithi, 'Sifanele sisheshise,' sase siqala sigijima siya esontweni. Esimweni sami ngangingakwazi ukugijima kade noJesu wayekwazi lokhu, ngakho lapho sisuka egcekeni omunye umfowethu nodadewethu eNkosini bashayela benyuka besemotweni yabo base besiphuthumisa esontweni.

"Cishe ngele 8:30 sangena esontweni noMfowethu Outlaw wangibingelela wayesethi, 'Hamba uqonde ngaphambili, dadewethu Waldrop, ngifuna ube ngowokuqala ukukhulekelwa kulokhu ukusa.' Ngajaha ngaphambili ngaphandle kwelinye izwi. Ngisahlezi lapho umngenisi wenyukela kimi wayesengibuza ukuthi ngangiyimpumputhe yini. Ngaphendula ukuthi ngangingesiyo. Wayesethi-ke uyaxolisa kodwa ngizodingeka ngigudluke imigqa emine ngemuva njengoba izihlalo ezingaphambili zazingezabantu abayizimpumputhe kuphela. Lapho ekhuluma ngangiwuzwa umdlavuza ugingqika esiswini sami.

"Lapho umngenisi esuka ngazama ukugudlukela ngapesheya kwesikhhala sezihlalo, kodwa angikwazanga. Wabuya futhi wangithola ngibefuzela. Ngathi, 'Ngiyise ekamelweni elingemuva.' Wathi 'Ngiyaxolisa, Dadewethu, kodwa angikwazi.' Nganyenyeza, 'Hamba ulande uMfowethu Outlaw,' ngase ngimfuqa. UMfowethu Outlaw nabanye odadewethu abathize bafika kimi base bethi, 'Uguliswa yimizwa nje, Dadewethu Waldrop. Sizokukhulekela.' Kwase kuthi-ke udadewethu ofike

nami wakhuluma kakhulu wayesethi, 'Qhabo lokhu akusikho ukuguliswa yimizwa, kodwa ukufa.' Kwathi ngaleyonkathi nje uMfowethu Hooper noDadewethu McDaniel wenyuka wayesetshela uMfowethu Outlaw ukuthi lokho kwakunzima kakhulu, futhi uma uMfowethu Branham wayelapho babefanele bamthole ngokushesha. UMfowethu Outlaw wabiza omunye ukuba athole uhlaka lombhede, nomunye wagijimela ekamelweni elingemuva ukuyobiza uMfowethu Branham. Ngangizwa ukuthi kwakwenzekani kodwa ngingakwazi ukukhuluma, futhi kwakuya ngokuba mnyama ngokuba mnyama. UMfowethu Branham wangena ngokushesha wayeseya embhobheni wayesetshela wonke umuntu ukuba ahloniphe ngesizotha ngempela njengoba udadewethu wayebulawa ngumdlavuza. Kwase kuthi uMfowethu Branham waphendukela kimi ethi, 'Ngibuke, Dadewethu,' Amazwi akhe ayengukunyenyeza okuphansi kimi kodwa wayelokhu ewasho kwaze kwathi ubumnyama obuwugqinsi baphakama. Wayesengibuza-ke ukuthi ngangikholiwe yini ukuthi ingelosi yayifike kuye. Angikwazanga ukukhuluma kodwa wezwa ukuthi ngangimkholwa. Wayesethi-ke, 'Bonga iNkosi, Dadewethu, ukukholwa kwakho kukusindisile!'

"Isikhathi sokuqala ethandaza angizwanga lutho, wayesekhuleka futhi futhi lapho ekwenza ukuzwa okufudumele kwashwibeka kimi, kuqala ekhanda lami futhi kwagijimela ngaphandle nangaphakathi, futhi lapho kwenza bonke ubuhlungu basuka emzimbeni wami. Ngasukuma ngaphuma ohlakeni lombhede. UMfowethu Branham wangitshela ukuthi emahoreni angama 72 ngiyogula kakhulu futhi ngizwe ubuhlungu kakhulu lapho umdlavuza usuka emzimbeni wami. Wathi wase ufile, zonke izimpande! Wangitshela futhi ukuba ngihlale ngokudla ukudla okuluketshezi njengoba udokotela wayelulekile, futhi uJesu uyongazisa ukuthi angikudle nini okuqinile. Wathi ukudla ukudla okuqinile kuyongibulala.

"Amahora angama 72 ngaphathwa ubuhlungu ngize ngibe neqeqeba lezinyembezi. Ngangizama ukubiza umyeni wami owayelele, kodwa ubuhlungu babunamandla kakhulu angikwazanga ukukhuluma. Ngakho ngagaqa ngaya kuye ukuba yena angikhulekele ukuba ngiqine ukuba ngibumele ubuhlungu. Babuthi-ke ubuhlungu ukunqamuka amahora ambalwa bese ngikwazi ukuphumula.

Lokhu kwaqhubeka isikhathi esingamaviki amane kuye kwa yisithupha, kodwa ubuhlungu babuncipha ngaso sonke isikhathi.

"Ekugcineni ngabiza udokotela ngacela ukuthi angasifaka yini ku x–reyi isisu sami futhi wathi angakwenza. I x–reyi yabonisa inanzi yami nayo yonke enye into yayinjengoba ifanele ibe njalo ihleleke ngokuphelele. Inhliziyo yami, eyase yandile ngenxa yawo wonke uphoyizeni, yabe isijwayelekile, namatshe ayekade esesibindini sami futhi emakhulu nje ngangozipho lwami lwesithupha, ayengasekho.

"Ngalobo busuku okokudla kwakusihlwa nganginobhontshisi ombala mbili, uanyanisi, ipikli amanzi okugqumisa okudliwayo, inyama eyosiwe, nophaya wama apula. Kwakulusuku olulandelayo engangizobuka kuma x–ray, kodwa uJesu wangitshela ukuthi ngingadla futhi ngadla ngempela. Konke lokhu kwaba seminyakeni eyishumi edlule, futhi namhlanje yonke into isiphiliswe ngokuphelele.

"Uma unomdlavuza futhi ukhulekelwa nobuhlungu busalokhu buqhubeka, qhubeka nje udumisa iNkosi ngokuphiliswa kwakho. Udeveli uyozama ukweba ukuphiliswa kwakho, kodwa qhubeka udumisa uJesu futhi ubheka phezulu.

"Emva kokuba uMfowethu Branham esengikhulekelile angikaze kusukela lapho ngifofobaliswe embhedeni, futhi angikaze ngiwugeje umhlangano.

"Ngesikhathi sokuphiliswa kwami, indodana yami engumzukulu eneminyaka eyisithupha ubudala nayo futhi yakhulekelwa futhi yaphiliswa esifweni sokuvuvuka komphimbo esasingaphakathi komphimbo wayo. Namhlanje uMarvin uneminyaka eyi 16 ubudala futhi uphiliswe ngokuphelele.

"Uma wethembe uNkulunkulu ngokuphiliswa kwakho, ngiyakumema ukuba ungibhalele futhi ngizokujabulela ukukukhuthaza noma ngayiphi indlela engingakwazi ngayo."

* * *

16 Okulandelayo ngubufakazi bukaMfu. Laura Walker, Hessel, eMichigan:

"Eminyakeni eyisithupha edlule ngangibulawa ngumdlavuza wamathumbu. Izibilini zazingezwakali futhi zibonakala sengathi azinakuphila. Ngezikhathi

ngisho nenxenye engezansi kwesisu yayizwakala sengathi amatshe futhi yayibanda, ngaphakathi nangaphandle. Ukukhishwa kuphela kwakuba ngokuchatha. Ukuqumba nokuzwa ubuhlungu kwakunzima kakhulu ngangokuthi ukuchathwa okuningana kwakudingekile ukuze kudambise.

"NgoAgasti 1951, uMfowethu Branham wayebambe umhlangano e-Erie, ePennsylvania. INkosi yakhuluma kimi yase ithi, 'Yana kulowomhlangano futhi Ngizokuphilisa.' Sasakhe ePort Huron, eMichigan, ngesikhathi, okwakungamamayela angamakhulu amaningana. Kwakubonakala cishe impela kungokungenakwenzeka kimi ukuba ngiye, kodwa iNkosi yahlinzeka indlela namandla okuhamba.

"Ngalesisikhathi uMfowethu Branham wayesebenzisa isibonakaliso esandleni sakhe. Wangitshela ukuthi nganginomdlavuza, wayesengikhulekela. Wayese-ke ephendukela kimi wayesethi, 'Ndodakazi, ukukholwa kwakho kukusindisile.' Ngesikhathi angizwanga-guquko oluyisipesheli kodwa cishe sekuyihora kamuva ngezwa into ethize ngaphakathi kimi idedeleka futhi iqathaka. Kusukela ngalolosuku kuze kube yilolu bengiphila saka. Ayibongwe iNkosi noMsindisi wami omangalisayo, uJesu Kristu.

"Eziningi izinkomba zinganikezwa mayelana nokuphiliswa kwami."

## BEKUNGABA NGUWE

17 Sewake wacabanga ngawe uqobo njengenceku kaNkulunkulu—noma wafisa ukuba yilunga elidala futhi ubeke izandla phezu kwabagulayo—noma waba nokuvutha enhliziyweni yakho ukuba ushumayele iZwi leNkosi na? Mhlampe namhlanje ulangazelela ukwenzela iNkosi yakho into ethize oyikhonzayo. Ungahle ungathwali ivangeli liye ezizweni noma ube nomkhuleko wokukholwa ukukhulula abantu ebugqilini. Ungahle ungabi ngumuntu onesiphiwo, noma uze ubonakalise isiphiwo sokomoya njengokuphilisa nje, noma izimangaliso, noma isiprofetho. Kodwa ikhona into ONGAyenza, noNkulunkulu ukucele ukuba ukwenze. Mhlampe awukunakanga, kodwa nakhu ukuthunywa kini nonke eZwini likaNkulunkulu.

18 Bekungaba nguwe obungaba yingelosi yesihawu emphefumulweni olahlekile—bekungaba nguwe olethe izindaba zezindaba ezijabulisayo. Ubungaba ngomqoka empilweni yomunye umuntu obungaba yisibusiso esikhulu ukwedlula zonke noma yiyiphi incwadi ebingakurekhoda.

19 Ake ngithi emizuzwaneni embalwa elandelayo nginixoxele indaba eyiqiniso ngomuntu onjalo—ingelosi yesihawu. Lona bekungaba nguwe. . .eqhazeni elisemqoka kakhulu impela empilweni yakho. . .ngokuba ngufakazi waKhe futhi uxoxa izindaba ezinhle.

20 Indaba yethu iqala ngoNkk. Eckenburg: usethe salakahle kumyeni wakhe futhi wagibela ibhasi. Umyeni wakhe angemphelekezele kuloluhambo njengoba luzoba lude kakhulu kuye ukuthatha isikhathi angabibikho emsebenzini wakhe, futhi kuzoba yizindleko ezengeziwe abangeke bazikhone. UMnu. noNkk. Eckenburg bayizithandani ezineminyaka engama 50 ubudala—banekhaya elilingeneyo, nendlela elula yokuphila njengoba leli lokhu kuyikhona iholo labo elingakufukamela — kodwa bebakade benesikhathi sokuphila esimnandi bendawonye futhi bathokozela izinto eziningi bendawonye iminyaka. Bangabantu abajwayelekile ababefanele basebenze ukuba bakwenze; izikhathi eziningi bekul'khuni, ngezinye izikhathi kubelulana.

21 Manje ibhasi yayimthwele imyisa la eya khona ayengazi ngakho, noma ukwandulela. Kwakuyisikhathi esifushane emva kokuba ukugula kwakhe kokuqala elashwa khona eSan Francisco Standford Yunivesithi. Kwakulapha ngoJuni 1955 waba yisiguli okuhlolwa ngaso. UMnu. noNkk. Eckenburg bakhetha leyunivesithi njengoba babengenakuzikhona ezinye izindleko zokunye ukwelashwa noma odokotela. Lapha konke ukwelashwa kwakumahhala kwabampofu, nodokotela abakahle ukwedlula bonke babemnaka. Wabhaliswa njengesiguli okuhlolwa ngaso. Lokhu kwakusho ukuthi

uyasinda lapho befunda, futhi uma unga . . . awu . . . Benezimali ezincane lokhu kwaba ngukukhetha okungcono kakhulu—nokuyilona themba labo kuphela.

22 Lona kwakungumzamo wakhe wesithathu ukuba ayokwelashwa. Kwakungezukubakhona kusika kulendaba njengoba odokotela base bevele bemtshelile ukuthi umdlavuza wawugxile ngokujulile kakhulu, wawumbandakanye isibindi nezinye izitho zomzimba wakhe. Ngenkathi babefune ukusika kuye kusesekuqaleni ngandlelathize wayekwazile ukuba athi "Qhabo." Wayengakufuni lokho. Futhi ngakho ukubhuka kwakhe okulandelayo kwakufanele kube ngoJanuwari kafishane emva kwezinsuku zokuqala ezimbalwa zonyaka omusha sezedlule. UNkk. Eckenburg wakwesula lokhu ukubhuka kungekho-sizathu esicacile, futhi ngenkathi ukubhuka kwakhe kwesithathu kwenziwa waqala ukukugcina ngokuba waqonda ukuthi ubuhlungu emzimbeni wakhe nokukhula ngokushesha komdlavuza kwamshiya engenakho angakwenza.

23 Wakuthatha lokho kubhuka udaba oluncane lobusuku akuhlola esikhumulweni samabhasi saseSan Francisco. Wayenethikithi lakhe noshintshi omncane esikhwameni sakhe semali. Wayetshele umyeni wakhe ukuthi wayezodinga imali encane nje njengoba kwakuzoba wuhambo oluqondile oluya esikhumulweni samabhasi, futhi kusukela lapho kuya eyunivesithi. Umyeni wakhe wayezomthatha ngemoto yomndeni esibhedlela uma esekhishiwe. KwakunguOktoba 18 futhi kusasa kwakulusuku odokotela ababezoqala ukuhlola. Ababezokwenza, nalokho umndeni owawuzokwenza uma kwenzeka efa kwedlula engqondweni yakhe—njalonjalo kulandela imicabango yakhe. Wacabanga futhi ngoNkulunkulu, kodwa njengoba wayengesuye owesifazane kamoya, engazelwe ngisho nangokusha, lemicabango ayizange ingene ijule kakhulu. Kodwa okokuqondiswa komKristu waqoka ukuthatha incwadi encane yoBunye ahambe nayo. Lena wayezoyifunda ngaphandle kokucabanga uma imicabango yekusasa lakhe icindezele yasondela kakhulu.

24 Kwakusesekuseni ekuseni ngoOktoba 19 ibhasi eyadonsela eOakland, eCalifornia, ukuma imizuzu eyi 10 ngaphambi kokuqhubekela eSan Francisco ngaphesheya kwechweba nje. Lapho ibhasi lima bonke abagibeli behla, kodwa uNkk. Eckenburg, ekhathele wuhambo lwakhe, wasala esihlalweni sakhe. Ngokushesha wayesezoba seSan Francisco, wayezokwehla lapho ayazi khona. Esahlezi lapho uNkk. Eckenburg wezwa iphimbo likhuluma kuye futhi lithi, "Yana emgwaqeni futhi uhambe phansi," nokugcizelela okunamandla kanjalo akulalela masinya. Esahamba phansi engahlose lutho wezwa iphimbo liqhubeka, lithi, "Yima eMgwaqeni u14." EMgwaqeni u14 amandla akhe ancipha wayesethi ukuma kancane isikhathi eside ngokwenele ukuba aqaphele isitolo

sekhofi ngaphesheya komgwaqo. Wangena eKhefi likaFoster futhi wayenenkomishi yekhofi, futhi emva kwemizuzu embalwa waqala ukuphumela emgwaqeni futhi. Ehamba phansi ibanga elifishane masinya wakhathala futhi wayesencika ohlangothini lwendlu ukuba aphumule. Kwaba ngaleyonkathi amehlo akhe aphumulela enenekazini elalihlezi ebhentshini lebhasi lilinde ibhasi lendawo ukuba lifike. Wathi ukuthula kancane umzuzwana omfishane wase-ke enquma ukuya ebhentshini wayesehlala phansi. Lapho ehlala phansi waqaphela ukuthi inenekazi eliseceleni kwakhe lalifunda incwadi. Umcabango wafika kuye ukuba naye afunde incwadi yakhe encane yoBunye yokuzidudaza. Inkundla yethu ngamacebo ilula—amanenekazi amabili ehlezi ebhentshini lebhasi efunda izincwadi. Ayeyizihambi ngokuphelele—kodwa hhayi isikhathi eside.

25 UNkulunkulu wayeholele uNkk. Eckenburg eNgelosini yesiHawu eyayinezindaba zezindaba ezinhle. Wayemhole esuka esikhumulweni samabhasi, futhi manje isimhlalise phansi eceleni komunye wesifazane Ayayimkhethe ukumlethela “izindaba ezinhle,” izindaba zevangeli, nokumnakekela. Esikhashaneni esifishane base beqale indaba. Babeshintshisana ngokuphawula okumbalwa futhi masinya uNkk. Eckenburg wazithola esetshela lesisihambi ngokuphelele ngokugula kwakhe nala aya khona. Owesifazane wathi, “Ake ubheke lencwadi engiyifundayo, ‘UMuntu Othunywe NguNkulunkulu’—lomuntu ulapha eOakland futhi uqala imihlangano yakhe kulobubusuku. Uzokukhulekela. Abaningi bayaphiliswa emdlavuzeni.”

26 UNkk. Eckenburg wambuka owesifazane ngokumangala umzuzwana engazi ukuthi uzocabangani. Wayengacabanganga ngoNkulunkulu ephilisa namhlanje, noma ngezinto ezinjalo zenzeka. Umngane wakhe omusha wayiphazamisa imicabango yakhe ngeziningi izindaba ezixhuxhumisayo zesihawu sikaNkulunkulu nokuphilisa namhlanje phezu kwesintu esizwa ubuhlungu. UNkk. Eckenburg wayengakaze ezwe amazwi afakana ugqozi kanje futhi aletha ukuthula enhliziyweni yakhe, futhi waduduzeka kanjalo futhi wakhuthazeka. Wayengakaze ngaphambili ake ezwe noma bani ekhuluma kanje, nangezinkulu kanjalo nezinto eziyizimangaliso!

27 Futhi imicabango yakhe yephulwa yisimemo esiqondile esivela kowesifazane ethi, “Woza ekamelweni lami futhi uphumule, kulokhu ukuhlwa ngizokusa emhlanganweni. Nginekamelo khona ngaphesheya komgwaqo.” UNkk. Eckenburg nenenekazi bawela umgwaqo futhi bangena ehhotela, nenenekazi latholela uNkk. Eckenburg ikamelo ngaphesheya kwehholo ukusuka kwelakhe. Kwathi ikamelo selithathiwe futhi bahlala, uNkk. Eckenburg wanquma ukuthi uzophumula isikhashana wayeseya ekamelweni lakhe ukuba acambalale. Waqala ukucabanga ngalokho owesifazane ayemtshele khona, futhi okokuqala empilweni yakhe uNkk.

Eckenburg wagqabukela emoyeni womkhuleko, futhi wakhuleka waqhubeka, njalo, kwaze kwathi ukuthula ayengakaze akwazi kwagcwalisa inhliziyo yakhe. Emkhulekweni nezinyembezi wachitha intambama, nasenhlanganyelweni nomngane wakhe osanda kutholakala.

28 Ngenkathi sekufika isikhathi somhlangano ukuba uqale umngane wakhe wamthatha wamyisa endoweni yomhlangano eHholo loMphakathi ezansi nedolobha eOakland. Ekufikeni, umngane wakhe wamsiza ukuba athole isihlalo futhi wamnakekela ngokunaka okunesizotha. Esikhashaneni esifishane, uBilly Paul Branham wambuza ukuthi ngabe wayefuna ikhadi lomkhuleko yini. Wathi "Yebo," wayesembonga. Masinya inkonzo yaqala futhi kwakuyintshumayelo enjengaleyo angakaze ayizwe uNkk. Eckenburg empilweni yakhe; yamshiya ekhala izinyembezi futhi egcwele uvalo. Wayengakaze aphathwe ngomusa kangaka njengoba ephathwe namhlanje, futhi wayengakaze ezwe ngalezizinto eziyisimanga. Futhi manje ikhadi lakhe lomkhuleko labizwa futhi wayezoma phambi kwalomuntu kaNkulunkulu. Lapho abanye abayi 14 bekhulekelwa phambi kwakhe, nabanye babizwa kwizethameli, wayazi ukuthi lomuntu wayezomtshela izimpendulo zakhe yena nodokotela ababengenazo.

29 Phakathi kwemizuzwana embalwa uRose Ackenburg wama phambi koMfu. Branham. Wamtshela ukuthi wayesibekelwe ngukufa, futhi wayenomdlavuza wesibindi, futhi wambuza ukuthi uzomkholwa yini uNkulunkulu ukuthi uzomphilisa uma emkhulekele. Impendulo yakhe yaba ngukuthi "Yebo" futhi waqhuma izinyembezi.

30 Ngosuku olulandelayo, uOktoba 20, 1956, ngele 7 A.M., uRose Eckenburg wachama emzimbeni wakhe izicucu ezibanzi zenyama esibolile negazi eselitheleleke ukufa kabi. Iviki elilandelayo ngo-Oktoba 24, 1956 ngele 11 A.M. wachama elikhulu ithumba futhi nokubola okukhulu, lilandelwa ngumopho ojwayelekile owahlanza igazi lakhe ekonakaleni nephunga.

31 Bangane, uRose Eckenburg uyaphila namhlanje futhi ungophendukele ngempela eNkosini. Ngempela kuyisibusiso sikaNkulunkulu, kodwa khumbulani lapho okwaqala khona ngoRose Eckenburg—ebhentshini lebhasi lapho ahlangana khona nesithunywa nofakazi wezindaba ezithokozisayo zevangeli.

32 Edolobheni labantu abayizigidi ezinhlanu, uNkulunkulu wamholela esihambini uqobo. Lona bekungaba nguwe, mngane othandekayo, ngesikhathi esilandelayo uwedwa ebhentshini lebhasi, noma emotweni yakho, noma emgwaqeni, noma ekhefi. Noma kungaba kuphi, ungaba nakho enhliziyweni yakho nasezindebeni zakho amazwi angaletha ukuphila kwesifayo, esingenathemba, isintu esidiyazelayo. Emva kwalokhu khumbula ukufakaza, neNgelosi yesiHawu . . . kungaba nguwe.

## UMNQOBI ONAMANDLA

33 Kulobubusuku ngifisa ukufunda encwadini yeSambulo seNkosi uJesu, isahluko 6, amavesi okuqala amabili: "Ngase ngibona lapho iWundlu livula olunye lwezimpawu, ngezwa, esinye sezidalwa ezine sisho njengezwi lokuduma sithi, Woza ubone. Ngabona bheka nanto ihashi elimhlophe; waphuma engonqobayo, nokuyakunqoba." Indaba yami yemizuzwana embalwa kulobubusuku izoba ngukuthi UMnqobi onaMandla.

34 Ngikholwa ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi uhlwitho luzokwenzeka ngaphambi kokuhlupheka. Manje baningi abafundisi abazophikisana nalokho, kodwa anginamfundo futhi nje ngitadisha iBhayibheli ngemifanekiso kaningi, nokuthi imifanekiso ikanjani ngezithunzi. Futhi uma siqonda isithunzi sanoma yini khona-ke sinomqondo ojwayelekile wokuthi okwangempela kubukeka kanjani. Njengozamcolo ngesikhathi sikaNowa: kungekho neconsi lamanzi elalike lehla kwaze kwathi uNowa, nawo wonke lowo owayezosindiswa kuzamcolo, babengaphakathi emkhunjini nomnyango wavalwa. Futhi siyabona ukuthi ngaphambi kokuba isigaxa esisodwa somlilo sehlele phezu kweSodoma neGomora sivela ezulwini uLoti wadingeka ashiye umuzi futhi akhululeke ekwahlulelweni ukuba kufike phezu kwalemizi—ngokuba umahluleli olungileyo akayikwahlulela olungileyo nongalungile ngoba ikholwa selivele lahlulelwe ngenkathi uKristu ehlulelwa endaweni yalo. Ngakho-ke kungeke kwaba ngubulungiswa ukuthi uMoya oNgcwele ungehlulela omunye wethu futhi emva kokuba Esevele ekwemukelile ukwahlulelwa kwethu kuKristu.

35 Manje endabeni yethu UMnqobi onaMandla. Indoda iyathanda ukunqoba, futhi kuyinto enkulu ukunqoba. Umnqobi uyilowo onqobe isitha sakhe—yingalesosizathu, ngiyakholwa, umbhalo uthi "Ngaye siyanqoba nokunqoba" ngokuba Usinqobele. Namadoda ngalezizikhathi ezinkulu, uma eqhubekela phambili futhi enqoba, kaningi aba nomgubho omkhulu kamuva.

36 Siyatshelwa ukuthi ngenkathi umholi wamaJalimane ongasekho, uAdolph Hitler, enqoba iFransi, wathatha isihlalo sakhe eArch of Triumph wayesebukela impi yakhe enkulu yedlula, izimoto zakhe ezinkulu zempi ziphenduka, nezindiza zakhe zibhadla phezu kwekhanda zaze zasibekela isibhakabhaka. Kodwa . . . akuzange kuhlale isikhathi eside ngoba uma indoda izoba ngumnqobi izimpokophelo zayo zifanele zibe kahle, nezinjongo zayo zifanele zibe kahle—futhi uma ungawudlali umdlalo kahle uzohlulwa, akunandaba ukuthi ungumnqobi kangakanani. Ufanele wethembeke ukuze ube ngowinayo, akukho-mkhohlisi owina umdlalo. Kodwa uHitler akazange alandele imigomo, wayefuna onke amandla abe kuye uqobo, lonke udumo kuye uqobo. Ngakho-ke

wayengalungile ezimpokophelweni zakhe—futhi noma yiyiphi indoda enezinjongo ezifanayo nezindlela zikaHitler iyophetha nje njengoba enza.

37 Siyatshelwa ukuthi uConstantine omkhulu ngenkathi esendleleni yakhe eqonde eRoma waba nephupho ngaphambi nje kokuba impi iqale. Wayekhathazekile ngalokho kuhlwa ngaphambi kokuba ayolala njenganomphumela wempi wahlongoza ukulwa ekuseni. Ngalobo busuku waphupha iphupho ngesiphambano esimhlophe, nephimbo lathi, "Ngalesi uyonqoba." Ngakho wavusa amasosha akubo ebusuku futhi apenda ezihlangwini zawo isiphambano esimhlophe, futhi wanqoba.

38 Manje ngicabanga ngenye indoda: eminyakeni embalwa eyadlula ngama eWaterloo, eBelgium lapho indoda ethiwa nguNapoleon yahlangana nokwehlulwa kwayo egazini nehlazo. Lapho ngimi lapho omunye wanginika incwadi encane, ngase ngiqala ukufunda umlando walendoda enkulu. Yaqala iyiqhawe elikhulu, futhi yayinqobe umhlaba wonke ineminyaka engama 33, kodwa nayo yayinezimpokophelo ezingalungile. . .yayifuna amandlakuyo uqobo, futhi yayifuna wonke umuntu ukuba ayesabe. Ineminyaka engama 33 umhlaba wonke wathuthumela emcabangweni kaNapoleon—wayeyindoda embi, umbulali. Waqala ukuba ngumnqabeli futhi wafa engohlulwa wuphuzo. Ungeke wanqoba ngokungafanele. Ngokufanele kuphela okuyonqoba.

39 Awusoze wanqoba ngokwakha ihlelo elilodwa phezu kwelinye—uyonqoba kuphela nxa uwisa imigoqo, bese uvumela uMoya oNgcwele ungene emzimbeni wonke kaKristu. Asisoze sanqoba ngezinjongo zokuzazisa. UNkulunkulu uyasizonda isono, futhi Akayikusivumela sinqobe phezu kokungesikho. UNapoleon wafa enama 33 njengomqobi wezwe, nesono sasimnqobile—kodwa o kwakukhona enye indoda eyafa ineminyaka engama 33 eyanqoba izwe, futhi yanqoba isiHogo, futhi yanqoba ukufa, futhi yanqoba zonke izitha esintwini. Lowo kwakuyiNkosi yethu uJesu obusisiweyo, uMnqobi onaMandla. Akazange Azele ukuzoZinqobela—izimpokophelo zaKhe kwakungukwenza intando kaNkulunkulu owaMthumayo. AkaZilwelanga, WaZinikela. Esiphambanweni Wathi, "Bengingakhuluma kuBaba wami futhi ngokushesha Ubengangithumelela olegiyona bezingelosi." Kodwa Wafikela ukunqobela isizwe esiwileyo sika-Adamu, futhi Wanqoba zonke izitha zesizwe esiwileyo sika-Adamu, futhi zabekwa phansi kwezinyawo zaKhe.

40 Sengiyambona uMnqobi onaMandla, iNkosi yethu, ngenkathi Ilapha lapho Imi eceleni kwendoda eyayifakwe amaketango futhi iboshwe amandla amademoni. Akukho-mpi eyayingayibamba ngenxa yamandla ayo, futhi kaningi

yayiwagqabula amaketango juqu. Akekho owayengayinqoba, nemimoya emibi yayiyiqhuba isuke phakathi kwesintu, futhi yenza ikhaya layo emathuneni, futhi noma ubani owayedlula endleleni yayo yayibanqoba. Kodwa ngoluny'usuku kwafika indoda encane ezansi nomgwaqo—iBhayibheli lathi "Yayingenabuhle ukuba siYifise"—nalelidemoni lacabanga, "Nasi isikhathi engizonqoba ngaso lowomfo omncane"—futhi ayekhwele indoda, futhi nankaya ephumela emgwaqeni ukuyohlangana naYo. Futhi ngenkathi egijimela kuYo ukuYinqoba, Yaphakamisa amehlo aYo ayeseshintsha indlela yawo. Esikhundleni sokuzama ukuYinqoba athi, "Wena ongcwele kaNkulunkulu, uzelani ukusihlupha isikhathi singakafiki na?" Ayazi ukuthi ayehlangane nembangi yawo—uMnqobi onaMandla omkhulu wasezulwini wayemi ekhona. Wayengemkhulu ngokwenele ngokwenyama ukuba agqabule amaketanga, Wayengakwazi ngokwenyama ukubamba indoda eyayikhwelwe amademoni, kodwa kuYe kwakukhona amandla kaNkulunkulu uSomandla kuye amademoni ayefanele akhothame. Futhi Wanqoba lesisitha ukuthi isizwe sika-Adamu emva kwalokhu esiboshwe wumoya onjalo sibe nenhlanhla yokuthatha igama laloMnqobi onaMandla omkhulu futhi alikhiphe.

41 SengiyaMbona, uMnqobi onaMandla wethu, lapho Ezongena ekamelweni likamkhwe kaPetru, elele egula ephethwe ngumkhuhlane—Akakhulumi-zwi, Uvele nje uyenyuka futhi uthinta isandla sakhe nokugula kwanqontshwa. Wanqoba ukugula enzela isintu sika-Adamu. Ngoluny'usuku ngenkathi umngane waKhe wesifuba osondele wayefile futhi Wayethathe uhambo oluqhele ngezinsuku ezine, ngesikhathi efika lapho izibungu zesikhumba zaziphethuza emzimbeni wakhe, nesandla ayesixhawulile, namahlombe Ayewagonile manje ayesenqotshwe ngukubola nokufa. SengiyaMbona emi eceleni kukaLazaru, amehlo aKhe egcwele izinyembezi lapho Ekhuluma, "Lazaru, phuma," nokubola kwayibuyisa impango yakho, nokufa kwakhulula umphefumulo wendoda, ngokuba uMnqobi onaMandla wayekhulumile. Lokhu Wakwazi ukukwenzela bonke abantwana baka-Adamu. Ngijabula kakhulu Ungumngane wami futhi, ngokuba ngesinye isikhathi, uma uJesu elibala, yileyondlela sonke esiyolala ngayo.

42 Ngobunye ubusuku ngenkathi Ewela ulwandle, imisuka enamandla yomhlaba yaba ngengalaleli. Wayekade ephumule kwingemuva lesikebhe esincane lapho imimoya iba nobudlwangudlwangu futhi igubhisa ulwandle kakhulu. Masinya isikebhe esincane sangenwa ngamanzi amaningi nabafundi besaba kakhulu futhi bashesha ukuMvusa. Ngenkathi Evuka Wabasola ethi, "O nina abanokukholwa okuncane—kuphi ukukholwa kwenu na?" Ngamany'amazwi,

"Ningibonile ngenza zonke lezizinto usuku nosuku: nilubonile uhlanya luphiliswa futhi lukhululwa, niwubonile umkhuhlane usuka kumkhwe wakho, nibabonile abafileyo bevuswa! Kuphi ukukholwa kwenu na?" Wabe-ke esebeka unyawo lwaKhe entanjeni yesikebhe wayesebheka phezulu wayesethi, "Thula, uthi du." Futhi onke amagagasi athula du njengengane ezingalweni zikanina. Imimoya namagagasi kwaMlalela.

43 Ngakwelinye icala lechibikazi lapho ababeya khona, lapho kwakwakhe owesifazane omncane owayechithe yonke imali yakhe ukuba asinde, futhi wayelokhu esagula enomopho. Odokotela abathatha imali yakhe babezame kanzima nangokwethembeka ukuba bamsize, kodwa benza konke ababengakwenza futhi noma kunjalo umopho waphuma. Wezwa ukuthi uJesu wayeza ngakuye ngakho wasuka waya ngasogwini lolwandle—waqhubeka ezabalaza edabula esixukwini amandla akhe aze aphela. Kodwa ukukholwa kwakhe kwakuhlelelwe ukuba kuphela athinte umphetho wengubo yaKhe, nalokhu wakwenza. Ekuthinteni uMnqobi onaMandla isifo esasedelele umuthi wodokotela salalela intando yoMnqobi onaMandla nomopho wanqamuka.

44 Niyakhumbula ngenkathi ukufa kugadla ekhaya likaJayiru na? Intombazane yakhe encane eneminyaka eyishumi nambili ubudala yayingenwe ukugula kakhulu, futhi bafika base bebiza uJesu ukuba eze; kodwa njengoba Wayesesondela ekhaya likaJayiru izithunywa zahlangana nabo futhi zithi, "Ningayikhathazi iNkosi ngokuba indodakazi isivele ifile." Sekuphele konke manje—yileyondlela esithola ngayo ngezinye izikhathi—sicabanga ukuthi akukho-themba. Kodwa Uselokhu enguMnqobi onaMandla—uma lonke ithemba lingasekho Usafana. Impela, bacabanga ukuthi kwase kuphele konke, kodwa amehlo ayigugu eNkosi yethu aphendukela kuJayiru ayesethi, "Ungesabi, kholwa kuphela, futhi uzakubona inkazimulo yeNkosi."

45 Futhi uJesu waya ekamelweni lokufa lapho kuphela ukuphela kwesikhathi kwakungembula khona umphumela wendodakazi encane kaJayiru. Kodwa niyaqonda ukuthi owokuQala nowokuPhela wayemi eceleni kwayo na? Futhi Wayibamba ngesandla wayesethi, "Ntombazane, vuka," nokufa kwanqotshwa, futhi yasukuma yama ngezinyawo zayo yayisiphila. Isitha esikhulu kunazo zonke umuntu ake abanaso kwakungukufa—kubo bonke abantu—futhi Waya eKalvari ngoluny'usuku futhi lapho esiphambanweni Wathwala—ngesinye isikhathi, wabo bonke—ukunqoba kwaso sonke isintu; Wanqoba isitha esikhulu kunazo zonke umuntu ake aba naso—Wanqoba ukufa—kwethu sonke. Manje-ke ngenkathi Efa lokho akuzange kukuqede, Wayesalokhu efanele ukuba nguMnqobi onaMandla, ngakho iBhayibheli lathi Wahamba futhi washumayela emiphefumulweni eyayisekuboshweni, labo

ababenqabe umlayezo kaEnoke, nokaNowa, nalabo abaseSodoma, nalabo ababenqabe abaprofethi. Wafakaza kubo ukuthi Wayeyimpendulo kuwo wonke umlayezo womprofethi, uMnqobi onaMandla, kodwa babedlule phakathi kokufa nokuphila, bawelela emgqeni ohlukanisayo, futhi kwakungasekho-themba ngabo. Waya ezindaweni zikadeveli—amademoni—futhi Wawahlakaza, futhi kuwo impela umgodi wobumnyama wesihogo esimnyama ukwedlula konke Waya kuwo, esalokhu esekhona nakuba umzimba waKhe wawuthule esiphambanweni. Wayesalokhu enguMnqobi nonaMandla omkhulu, futhi emva kokuba-sekwedluie iminyaka engama 1900 Usalokhu enguMnqobi onaMandla. Ngenkathi Efika kuyo impela iminyango yesihogo (sizosebenzisa umdlalo wasesiteji omncane lapha) sengiyambona udeveli ephumela phandle futhi ethi, “Ngakho ekugcineni ngikutholile—ngakho ekugcineni usufikile! Ngazama ukubhubhisa leyombewu isikhathi eside. Ngangicabanga ukuthi ngikutholile ngenkathi ngibhubhisa uAbela; futhi ngangiqinisekile ukuthi ngangikutholile ngenkathi ngibhubhisa abaprofethi; futhi ngenkathi ngithola uJohane ukuthi anqunywe ikhanda ngangiqinisekile ukuthi ngikutholile. Kodwa MANJE usulapha, usembusweni wami, futhi uphansi kokubusa kwami, futhi usemandleni ami, ngokuba ufe njengesoni.” O sengiyamuzwa uJesu ethi, “Sathane, Ngiyindodana kaNkulunkulu ezalwa yintombi, igazi lami lisemanzi esiphambanweni, Ngihlangabezane nazo zonke izidingakalo zobulungiswa zesintu esiwileyo sika-Adamu, futhi Ngehlele lapha ukuba nginqobe, nokuthi ngengamele!” Wafinyelela kudeveli, wadumela izihluthulelo zokufa nezesihogo, wazilengisa ohlangothini lwaKhe uqobo, wayesekhahlela udeveli wangena emigodini lapho ayengowakhona! Esalokhu enguMnqobi onaMandla!

46 Waqala ukubuyela emhlabeni, enqobile phezu kokufa nesihogo, ukuwina ukunqoba phezu kwethuna. Kodwa lapho Enyuka ngezindlela ezinkulu zezinyawo Wezwa amahubo eculwa, futhi Wazi ukuthi Wayesondela emasangweni aseParadisi lapho labo abalalela umlayezo kaNowa, nalabo abalalela umlayezo wabaprofethi babelinde khona, ngoba babengenakwenyuka, kwakukhona inkungu yesono ilenga phezu komhlaba, negazi lezinkunzi nezimbuzi nezimvu lalingenakho ukubuyisana kwesintu. Ngakho-ke bagcinwa endaweni ethiwa yiParadisi. Kwakukhona inkungu yesono phezu komhlaba futhi babengenakwenyuka—kuphela Yena owayehlile.

47 Ukhuphukela emnyango waseParadisi futhi ungqongqotha phezu kwawo kancane. Ubaba uAbrahama uvula umnyango futhi umi eshaqekile imizuzwana embalwa, wayesememeza-ke, “Sara, awuze lapha kancane nje. Lowo akasuye yini ofanayo owambhakela amakhekhe na? Lowo akasuye yini owahlala

phansi kwesihlahla seoki ngalolosuku na?" USara uthi, "Lowo nguye Owayefulathele ithende futhi Wayibona imicabango yami ngenkathi ngihleka enhliziyweni yami emva kokuba Ethe ngiyoba nomntwana eminyakeni yami yokuguga." UJesu wakhuluma wayesethi, "Bantwana, Ngize ukuzonithatha manje—seNgiyinqobile leyonto esabekayo ethiwa yisono." Futhi nje khona manjalo kwenyuka indoda emva kuka-Abrahama, futhi lapho leyondoda ibuka isondela kakhulu phezu kwehlombe lika-Abrahama nayo yama ishaqekile—kwakungumprofethi uDanyeli, wayesememeza, "Lelo yitshe engalibona liqheshulwa entabeni kungengazandla elalizobhubhisa imibuso yezwe." Nje khona manjalo enye indoda yenyuka — kwakungumprofethi uHezekeli, futhi lapho ebheka uJesu wathi, "Nanto isondo phakathi kwesondo engalibona liphenduka emoyeni." Ngamunye wayeMbonile esimweni ababeMshumayele ekuso. Kwasekuthi-ke kwafika amadoda amathathu enyuka egijima futhi agijima amedlula uAbrahama ukuba abuke iNkosi — ayengoShadirake, uMeshaki, noAbedi-nego, futhi amemeza futhi akhala kakhulu, "Yilendoda eyama nathi esithandweni somlilo ngenkathi uNebukadinezari esiphosa phakathi."

48 O bangane bami, kulobubusuku sicule ngaYe, siMdumisile, futhi sixoxile ngomlando waKhe cishe kuwo wonke umhlaba, kodwa kuyoba njani uma sesiMbona njengentebe yaseSharoni, umnduze wesigodi, njengomhlekazi wezinkulungwane eziyishumi emphefumulweni wethu, uAlfa no-Omega, isiqalo nesiphelo, iNkosi yeNkazimulo!

49 NeNkosi yathi kubo, "Ngilandeleni," futhi Waqala ngabo bonke abangcwele abeTestamente eLidala ukuya emhlabeni ngaphezulu, Yena ebahola, nangengubo yaKhe ecwiliswe egazini laKhe uqobo Wanqoba umoya osizungezile ngaphezulu. Alibongwe igama laKhe! Wanqamula wedlula inkungu yesihogo izungeze umhlaba waze Wanqamula umkhathi esibhakabhakeni ukuze kuthi bonke abantwana abalahlekile baka-Adamu bakwazi ukukhuleka bedlulele ekunqobeni. Wanqoba umoya osizungezile, Wanqoba isono, Wanqoba ukufa, Wanqoba isihogo nethuna, futhi Wavuka ngokunqoba — ngaleya ngaphambili kwezinkanyezi eziphakeme kunazo zonke, ngaleya kwenyanga nelanga Wavuka nabangcwele beTestamente eLidala. O igrendi mashi enje pho okufanele ukuthi yayiyiyo noMnqobi WANGEMPELA! Emva kwesikhashana bafike ekubonweni kwalowomuzi okhazimulayo, noAbrahama wathi kuSara, "Woza lapha, s'thandwa," futhi wabiza ukuba kuze uIsaka, uIsaka wabiza ukuba kuze uJakobe, uJakobe wabiza ukuba kuze uJosefa, futhi lapho benyukela eceleni kuka-Abrahama wathi, "Lowo ngumuzi engawubonayo omakhi nomenzi wawo nguNkulunkulu. Ngahambahamba emhlabeni ngifuna lomuzi,

ngingawutholi neze, kodwa manje siyeza sisondela emasangweni amakhulu." Nakuba amadoda amakhulu ababeyiwo, nokho kwathatha uMnqobi onaMandla ukunqoba isono, futhi ubaholela kulomuzi omuhle.

50 Ukukhanya okuvela phakathi nomuzi kwakukukhulu futhi kugqamile, amasango eparele onke engakhazimulayo, futhi kwakukhona uJesu ngaphambili emasha eya phambili. Masinya zonke izingelosi zazenyukela ezicongweni zezindlu futhi zibuka phansi phezu kwezixuku ezinkulu zimasha. Futhi lapho sezisondele, abangcwele beTestamente eLidala bamemeza ngamandla, "Vulekani masango aphakade, futhi nivuleke, futhi nivumele iNkosi yeNkazimulo ingene — uMnqobi onaMandla." Izingelosi zaphendula ngokumemeza okukhulu zase zithi, "Ubani leNkosi yeNkazimulo na?" Nabangcwele beTestamente eLidala bamemeza kakhulu, "UMbusi wezixuku, onamandla empini" . . . namasango avuleka . . . Wayesebeka emasangweni isiphambano esidala ukuze kuthi wonke owesilisa noma owesifazane oke aze angene ngalelosango uyofanele aguqe phambi kwalesosiphambano futhi baMqonde njengoMnqobi onaMandla.

51 Nezingelozi, izinkulungwane, nezikhathi eziningi izinkulungwane eziyishumi zezinkulungwane, zampompoloza futhi zamemeza futhi zayibonga iNkosi lapho leliqhawe elinamandla liholela abathunjiweyo ekuthunjweni, futhi yapha izipho abantu, zamasha zehla ngomgwaqo walomuzi omkhulu. Hhayi kwiArch yokuNqoba njengoAdolph Hitler, kodwa emazingeni asenkazimulweni izingelosi zacula futhi zadumisa iNkanyezi yoKusa lapho Ihamba yehla ngemigwaqo njengoMnqobi onaMandla owayenqobe izono zezwe, futhi waveza ukunqoba okulungile. Behle njalo badabule emzini bahamba baze bafika esihlalweni sobukhosi — lapho phezu kwesihlalo sobukhosi kwahlala uJehova onamandla — futhi lapho uJesu efika esihlalweni sobukhosi Wawa ngamadolo aKhe wayesethi, "Baba, seNgiwufezile umsebenzi owanginika wona ukuba ngiwenze: seNgisikhokhile isikweletu sesono, nginezihluthulelo zakho kokubili ukufa nesihogo, nesitha sakho sesehluliwe, nalaba ngabantwana bakho abalilindele ngokubekezela lelihora." Futhi ngiyambona uBaba lapho Ethi, "Khwela lapha esihlalweni sami sobukhosi, Ndodana yami, futhi uhlale lapha Ngize ngenze zonke izitha zibe yisenabelo sezinyawo zaKho" — futhi nango Ehlala, uMnqobi onaMandla!

52 Ngithembela ezwini laKhe, ngikholwa yiyo yonke into Ayishoyo, ngithemba Yena njengoyikho konke okwami, njengokuphefumula kwami, njengempilo yami, njengoyikho konke enginakho, kulobubusuku ngizinikela ngokugcwele kuYe—umzimba, umphefumulo, nomoya—ngibheke ukufika kwaKhe kwesibili. Uma ngidabukile ngithemba Yena, uma

ngijabule ngithemba Yena, uma ngigula ngithemba Yena, futhi uma ngilahlekile ngithemba Yena—noma ngabe yini engehlelayo ngithemba yena!

53 Isehlakalo esincane esenzeka esikhathini esithize esedlula sifika engqondweni yami. Angikaze ngikusho lokhu emphakathini ngaphambili. Ngangikade ngizingela phezulu eziNtabeni zaseAdirondack. Umama wami uyiNdiya uhhafu futhi ngiyawathanda amahlathi, niyazi ukuthi ngisho nokuphenduka kwami akukaze kukuthathe kimi—ngiyawathanda amahlathi nezintaba, kungukuziphumuza kwami. Futhi ngangitshela umkami ngoluny'usuku, ngathi, "S'thandwa, uNkulunkulu ungisizile kuyoyonke into engike ngayenza. Ngingumdobi ompofu, nokho ngibambe amarekhode esizwe ezindaweni eziyimfihlakalo kakhulu impela lapho umdobi abengeke neze aye khona. YiNkosi! Ngike ngadubula emayadini angama 600 nama 700—ngakho konke ngaphandle kokucabanga ngesibhamu, futhi ngishaye into edutshulwayo ka 33 emgqeni uma ngingodubula kabi. YiNkosi!" Ngacabanga ukuthi nje ngase ngithe ukuba ngumhlali-mahlathini okahlanyana-kakhulu, ngangingalahleki neze. Ngangisanda kushadelwa nje, noBilly wayengumfana omncane ngaleyonkathi—unina wayesashona cishe iminyaka emihlanu—futhi ngangithathe uMeda umkami, noBilly indodana yami, emuva le eAdirondacks, futhi sasisesakhiweni esinophahla oluncike kwesikhulu, ngangilindele umqaphi ukuba enyuke, ngase ngithi, "Ngikholwa ukuthi ngizophuma futhi ngithole inyama yenyamazane. Lindani lapha futhi uma kufika umqaphi efika Meda uzokuvulela indlwana yezingodo." Ngakho ngabashiya esakhiweni esinophahla oluncike kwesikhulu, ngase ngiqala ukuya emahlathini.

54 Ngehla njalo ngidabula ezintabeni—ngangicabange ukuthi ngangiyaze kahle kakhulu iAdirondacks ngangazi zonke izihlahla—kodwa uma ufika endaweni lapho ocabanga khona ukuthi kukhona okwaziyo, khona-ke awazi lutho ofanele ulwazi. Ngaqhubeka ngazingela ngokujule kakhulu ehlathini, ngilandela lomzila, kwase-ke kuba yilokho. Ekugcineni ngafika phezu kwenkulu inyamazane idiye engangikade ngilandela umzila wayo, ngase ngiyidubula. Kwakusesekuseni, eduze kwesikhathi sami sokuba ngibuyele emuva, njengoba ngethembisa uMeda ukuthi ngobuya lapha kwelesibili nqo—ngakho ngahlinza inyamazane yami ngase ngiqonda endlwaneni yezingodo. Lapho ngiqala ukuphuma ngaqaphela ukuthi inkungu yayikade yehlela ezigodini, neqhwa, kodwa ngaqhubeka nokuhamba. Ekugcineni, emva kwesikhathi eside ngabuyela ngqo enyamazaneni yami. Lokhu kwangikhathaza kodwa ngaqala futhi, kwaphinda futhi ngabuyela kwidiye lami. AmaNdiya akubiza lokhu ngokuhamba ekufeni, uhamba izindingilizi.

55 Ngalesisikhathi imimoya yayiphakeme, futhi noma ubani uyazi ukuthi ezintabeni uma leyonkungu yehlile kul'khuni ukuthi ungabona isandla sakho phambi kwakho, nento kuphela yokwenziwa ngukuthi uhambe ungene uye ndawo ndawo, umbe umgodi, uthole okuthize ongakudla uma ungakuthola, bese uhlala lapho kuze kwedlule. Kodwa angikwazanga ukukwenza lokho, nganginonkosikazi nengane kulawomahlathi futhi babezofa kulesosiphepho, ngakho angikwazanga ukukwenza. Ngadingeka ngizame futhi futhi emva kokuba ngase ngihambe ngaze ngayofika lapho engangicabanga ukuthi ngangifanele ngiye khona, ngacabanga, “Awu, ngilahlekile!” Ngase-ke ngicabanga, “Awume kancane Bill Branham, awulahlekile, ucabanga ukuthi ulahlekile nje. Hlala phansi umzuzu bese uthola amabheringi akho.” Futhi lapho ngiqala ukuhlala phansi, iqhwa livunguza nemimoya isonta izihlahla futhi izilalisa, ngacabanga futhi ngomkami nengane. UMeda wayengakaze abe ngaphandle kwedolobha empilweni yakhe ngaphandle uma nje kwakungukuzishayelwa ngumoya ezweni bese eyabuya. Uzokwenzenjani ngami ngilahlekile ezintabeni na? Wayezosangana, wayezofa ngaphambi kwasekuseni, yena nengane yami. Kodwa ngathi “O, ulunge kabi ukuthi ohlala emahlathini angalahleka. Manje uyazi ukuzibonela ngokwemvelo kukutshela ukuba uhambe kahle ngalendlela, ngoba umoya ubusebusweni bakho ngenkathi wenyukela egqumeni futhi ufanele ube semhlane wakho wehla igquma.” Ngakho ngaqala ngaphuma futhi futhi lapho ngenza kukhona into eyaqala ukukhuluma— “Ngilusizo olukhona impela ngesikhathi sokuhlupheka.” Ngathi, “Manje sengiyasangana, ngicabanga ukuthi ngingezwa iphimbo likhuluma kimi.” Nganikina ikhanda lami ngase ngithi kimi uqobo, “Woza mfana, ziqoqe, yiba ulokhu uhamba—uqonde ngqo ekhempini yakho.” Kodwa nganginephutha, ngangiqonde ngqo eCanada, ngingakwazi—nalelophimbo laqhubeka nokukhuluma, “NgiyiNkosi, ngilusizo impela ngesikhathi lokuhlupheka.” Futhi lakhuluma ngokujule kakhulu ngokujule kakhulu phakathi kwami kwaze kwathi ekugcineni ngama ngase ngiphumuza isibhamu sami sencika isihlahla, ngabeka ikepisi lami elidala lokuzingela phansi, ngase ngiguqa phansi ngase ngithi, “Nkosi, Angisuye umhlali-mahlathini—ngingolahlekile, ngilusizi, umfana wokuhawukelwa. Angifanele ukuphila, kodwa ngiyacela hawukela umkami nengane.” Ngangicabanga ukuthi ngangiyonqoba noma yisiphi isiphepho, ngangingnanqoba noma yimaphi amahlathi, kodwa ngathola ukuthi ngangiNGESUYE umnqobi, futhi lapho ngikhuleka ngazizwa ngikahle ngempela ngakho. Ngasukuma ngama ngezinyawo zami ngase ngiqala ukuphuma futhi, futhi lapho ngenza ngezwa uMnqobi onaMandla ebeka isandla saKhe ehlombe lami ngase ngima, ngethukile, ngangicabanga ukuthi

ngangingedwa emahlathini. Ngaphenduka ngithi ake ngibone obani ababengabeka isandla sabo ehlombe lami, kodwa kwakungekho-muntu lapho—kodwa lapho ngibheka ngemuva ngabona umbhoshongo entabeni, isikhonkwane engangisisebenzisa njalo kulamahlathi. Abaqaphi nami sasibeke ucingo lukatelefoni phezulu ukuya kulowombhoshongo, futhi ngangiyazi kahle indlela ehambisana nalolocingo njengoba ngangisiza ukuba lubekwe. Ngibuka embhoshongweni futhi ngaqonda ukuthi ngangikade ngiya ekufeni kwami, ngingakwazi, kodwa Ufunyanwa “elusizo impela ngesikhathi sokuhlupheka.” Kwakuyini na? Kwakuyisandla saKhe esinamandla sigingqela emuva iqhwa ukungenza ngibone umbhoshongo. KwakunguYe owanqoba umoya namagagasi enzela abafundi baKhe—futhi manje Wayenginqobela lesisiphepho, emisa isiphepho esinamandla ukusindisa oyedwa olusizi olahlekile njengami nje.

56 Ngabhekisa ubuso bami ngakulowombhoshongo, ngigcina inkomba iqonde ngqo—kwaya ngokuba-mnyama impela kodwa angibuguqulanga ubuso bami kwinkomba yombhoshongo. Ngangazi ukuthi manje ngangizozithela ocingweni olwalusuke embhoshongweni luya endlwaneni yezingodo, nangasendlwaneni yezingodo kwakuyisakhiwo esiphahla lwalo lwaluncike kuyo lapho engangizothola khona umkami nendodana.

57 Lapho ngihamba ngangilokhu ngicula, “Ngethembele eNkosini yami, ngimi eZwini laYo,” ngase ngicabanga, “O, uma nje bengingake ngiluzwe lolocingo lukatelefoni,” futhi ngangilokhu ngiqhubeka ngihamba nesandla sami siphakamele emoyeni ukuze kuthi uma ngingahle ngedlule phansi kwalo ngingangqwamana nalo. Ngase nje ngizolahla ithemba ngenkathi isandla sami sishaya into ethize—kwakuwucingo! Angizange ngiludedele ucingo, ngasiphosa phansi isibhamu sami, ngethula isigqoko sami, futhi lapho ebumnyameni ngakhala izinyembezi njengengane ngokuba ngangazi ukuthi uNkulunkulu wayengisizile, futhi ekugcineni kwalolocingo umkami nengane babengilinde khona. Ngabambelela ocingweni yonke indlela kwehlele entabeni futhi ngalethwa ngiphephile kwabathandekayo bami.

58 Mfowethu, ngeliny’langa ngenkathi ngilahlekile kukubi ukwedlula lokho, ngezwa iphimbo likhuluma kimi futhi lithi, “Ngisenguye uMnqobi onaMandla ongahlanza zonke izono zakho,” ngase ngibeka isandla sami emandleni kaNkulunkulu uSomandla owangizamazamisa kusukela okhakhayini lwekhanda lami kuhlanzeke ezinyaweni zami. Ngizogcina isandla sami sikuYe, ngokuba ekugcineni kwalomgwaqo uMsindisi wami ulindile, nabathandekayo bami. Ngizobambelela ocingweni oluhola kusuka esiphambanweni kuya enkazimulweni, futhi ngiMethembe ngize ngife, ngokuba

Unqobe zonke izitha zami, Unqobe izifo zami, Wanqoba izono zami, futhi Ungenze "ongaphezu komnqobi kuKristu Jesu." Owanginqobela konke.

59 O, mngane oyisoni, uma ulahlekile—uma udinga ukubeka ubambelele esandleni saKhe esizokuholela ekuphepheni—manje sekuyisikhathi! Iziphepho zalokhu ukuphila zizokwedlula wena futhi uyolahleka kuze kube-phakade—yeluleka bese ubambelela kuYe sisakhothamisa amakhanda ethu futhi sikhuleke. . .

Ukuthokozela kwami okuqotho kuLeo Mercier nabaqondisi ngomshikashika wabo nokuvuma kahle ukusebenza nami futhi banilethele lencwadi encane, engikhulekela ukuthi izoba yisibusiso kini futhi izoqhubela phambili uMbuso kaNkulunkulu—

William Branham.

## NguNkosazana Rosella Griffith waseJoliet, eIllinois

Ngithanda ukunikeza ubufakazi bami lapha, ngokuba uJesu wathi "Hamba futhi ube ngufakazi kimi" . . . futhi sinqoba ngeGazi leWundlu, nangezwi lobufakazi bethu. Bengingeke nganikeza ubufakazi obunjengalobu ukuba bengikumina wami omdala, kodwa angikho kumina, ngikuKristu Jesu.

Ngingumntwana kuphela, futhi ngokukhumbula kwami nje ngangilokhu ngifuna into ethize ukungenza ngijabule. Ngangilokhu ngifuna into ethize, ngangingazi ukuthi kuyini. Ngangifuna ukuthula nokujabula. Ngangidingeka ngidlale nabanye abantwana komakhelwane, futhi kwakubonakala ngingafithi neze. Ngathunyelwa njengomntwana eBandleni lamaMethodisti edolobheni lakithi elincane eEllinois engaseNingizimu. Ngenkathi ngineminyaka eyisithupha ubudala ngaya nogogo wami emvuselelweni, ngase ngehla ngomzila wemvuthu yesaha ukunikela inhliziyo yami kuJesu, kodwa akekho owangisizayo. Ngiyesaba angiMphilelanga. Ngaya kusonto Sikole, ibandla, futhi ehlobo ngaya eKhempini yaBasha evela eBandleni lakithi, kodwa kukho konke lokhu, ngangingamazi uJesu Kristu njengoMsindisi wami. . . . (Ngangizazi izindaba ngoJesu, kodwa ngangingaMazi ngempela ngalesisikhathi.)

Sase-ke sithuthela kwelinye idolobha, futhi emva kokuphothula esiKoleni esiPhakeme, ngaqala ukusebenza e ofisi, izinsuku eziyi 6 ne ziyi 7 ngeviki, 3-11 ntambama ishifti. Ngakho ngenkathi amantombazane kade ene ofu yakusihlwa, sasiphuma kanyakanye. Izikhathi eziningi sasiya eChicago. Sasicabanga ukuthi sasinokuzidlalela. Sasidansa, futhi akudingeki ukuthi sithi sasiba neziphuzo ezimbalwa. Babeyeka uma befuna ukuyeka ukuphuza, kodwa angizange, ngokuba ngangi oda iziphuzo ezithe xaxa, ngibedlula kude. Ngangingesuye onesimilo esibi, kodwa uNkulunkulu wathi isono esisodwa sikhulu nje njengesinye emehlweni aKhe. Ngangilicasukela iqiniso lokuthi ngangiphoqeka ukuba ngenze into engale kwentando yami uqobo. Ngonyaka ka 1949 ngangazi ukuthi ngaqinisekiswa ukuthi ngase ngingohlulwa wuphuzo (ngangingafuni ukukuvuma ngisho nakimi uqobo). Ngangisekugcineni kwelada futhi kwakubukeka sengathi kwakungekho-themba kimi. Abazali bami babefuna ukungisiza, kodwa babengazi ukuthi bangabambisana kanjani nami, ngokuba akukho-namunye wabo owayephuza. Enhliziyweni yami ngangifuna ukukhululeka, futhi ngazama yonke into ukuba ngisuse umqondo wami ekuphuzeni, kodwa akuzange kuyisuse injwayelo.

Ekugcineni nganquma ukuthi ngizozama ukuya kwabeNhlangano esiza abehlulwa wuPhuzo, ngicabanga ukuthi babengangisiza. Ngangingajabule ngempela

kulenhlangano, nakuba ngahlala ngingadakwa izinyanga eziyi 9 zonke ngiya emihlanganweni yabo. Ngangikhuleka nsuku zonke phansi ekugcineni kombhede wami, ukuba uNkulunkulu angigcine ngingadakwa. WAngigcina ngingadakiwe, kodwa ngangingajabulile noma ngikhululeke. Ngaphambi kokuba ngijoyine abeNhlangano esiza abehlulwa wuPhuzo, ngangingena ngiphuma ezibhedlela, baze bakhathala ngukungibona ngingena. Ngaya esiBhedlela sabahlulwa wuPhuzo eChicago, lapho okwabiza khona $150.00 izinsuku eziyi 5, nabakithi babengesibo abantu abacebile, ngokuba izikweletu zesibhedlela nodokotela zazenyuka. Ngalesisikhathi sempilo yami, ngangibuthakathaka kakhulu, ngilahlekelwa yisisindo, futhi nje ngilusizi. Odokotela abahlanu base bengidele ngokuphelele, omunye udokotela wathi esikhathini esiyizinyanga eziyisithupha ngiyobe sengisesikhungweni sezinhlanya. Omakhelwane base bengidelile, abefundisi babengazi ukuthi bazokwenzenjani. Omunye umfundisi waphuma wayesezama ukuthetha nami indaba ngemiBhalo. (Engangikudinga kwakungumuntu owayezokwenza njengoba kwenza abafundi, ayale idemoni lophuzo ukuba lihambe ngegama likaJesu Kristu.)

UBabayi wami watshela uMama wami ukuba ayeke ukungikhulekela, ngokuba ngangingeke ngiguquke, kodwa akamlalelanga, ngokuba wathi mhlawumbe ngangingeke ngiguquke, kodwa wayazi ukuthi uNkulunkulu wayenamandla okungiguqula. UMama wangithengela ibhantshi elinoboya, ecabanga ukuthi uma ngiwele emakhazeni ngeke ngomiswe amakhaza. Ngaqaqa amaphakethe ebhantshi ngase ngifaka amabhodlela macala onke emfolomi yebhantshi. Ngiyajabula kakhulu uMama wami wama ngakimi, futhi wabambelela eZwini likaNkulunkulu ngenkathi bonke bethi ngangingeke ngisehluka. Nakuba ngamhlazisa, futhi wayengaqondi ukuthi kungani ngenza njengoba ngenza, wayesalokhu emi nami. Ngenkathi ngiphakamisa inkomishi noma ingilazi ukuba ngiphuze kuyo, ngashukuza kanjalo, ngangiyixhaphisa okwenja encane.

Ngajika ngaba yiKatolika ngifuna ukuthula komqondo, ngisho noma ngangingakholelwa kulo. Bangitshela ukuthi ngangidinga usizo, kodwa abangangiqhubekisela kuKristu. Konke kukho konke, bonke abantu ngaphandle kukaMama wami emhlabeni base bengidele njengethemba elingasekho. Ngenkathi ngisesimweni esibi kakhulu engake ngaba kuso, uMama wami wangibona embonweni sengathi ngiyasindiswa, emva kwepulpiti ngivula uziphu weBhayibheli. Wayemkholwa uNkulunkulu. Ngoba uNkulunkulu wamkhombisa embonweni, kunokukholwa ngodokotela abahlanu basemhlabeni, kamuva lombono wagcwaliseka. Ngenkathi ngisesimweni esibi kakhulu, ekugcineni, udokotela walinda ubusuku bonke

onyaweni lombhede wami, ukuba mina ngidonse umphefumulo wami wokugcina. Ngijabula kakhulu ukuthi kwakukhona udokotela omKhulu kunalowodokotela emi lapho, azi ukuthi ngangingezukufa, kodwa ngiphile ukuba ngikhazimulise iGama LAKHE. UJesu wathi "Isela liza ukufuna nokudwengula nokubhubhisa, kodwa Ngize ukuba nibe nokuphila futhi nibe nakho kuchichime."

Ngidukuza emsebeni wokukhanya ngenkathi ukuphila kwakumnyama ukwedlula konke, abanye abantu bangitshela ngomhlangano eHammond, eIndiana, lapho umProfethi kaNkulunkulu, uMfu. William Branham, wayekhulekela abagulayo, lapho izishosha zazihamba khona, lapho izimpumputhe zaziphiliswa khona, imidlavuza iphiliswe, nezimangaliso zenziwa eGameni likaKristu. Ngabambelela kulamazwi, ngokuba ngacabanga ukuthi uma lababantu babekwazi ukuthi baphiliswe impela-ke ngangingaphiliswa, nami. Saya emhlanganweni ngosuku lwesithathu emva kokuba sengitshelwe ngomhlangano. Umama wami, umngane wakhe nami saya esiKhungweni seDolobha ngalolosuku ngoJulayi 11, 1952, lapho umhlangano wawubanjelwa khona. Ngabona abantu becula futhi bedumisa uNkulunkulu. Ngacabanga ukuthi impela babejabule. (Ngangisalokhu ngibuka ekhoneni lezibuko zami ukubona ukuthi babenza kanjani, futhi ngacabanga ukuthi ngizohambisana nabo, uma ngangingathola usizo). Kamuva ngangizothola ukuthi nansi injabulo yangempela ekukhonzeni uJesu Kristu. Akumangalisi babejabule kangaka. Sabuya emva komhlangano wantambama, futhi ngathola ikhadi lomkhuleko. Into eyodwa engiyikhumbulayo yomhlangano yayingukuthi babegcizelela kanjani "UJesu Kristu, nguyena izolo, namuhla naphakade." Ngangingazi nowodwa umBhalo wokuphilisa, ngikhuliswa ebandleni lesimodeni, kuphela ngacabanga ukuthi uma uNkulunkulu enza umhlaba nezulu nazo zonke izimanga zawo futhi wenza mina, khona-ke kwakuyoba yinto encane kuYe ukuphilisa umzimba wami. Ngakhothamisa ikhanda lami futhi ngacela uNkulunkulu uma kwakuyintando yaKhe ukuba angiphilise ukuba ngithole indlela. Yilokho kuphela engakusho. Ngangingazi ukuthi iBhayibheli lithi "Ngemivimbo yaKhe siPhilisiwe thina." Ngathola ikhadi lomkhuleko. UMfo. Branham wafika wase eshumayela. Emva kwenkonzo yokushumayela uMfo. Branham wabiza ikhadi lomkhuleko J25-J50 amakhadi omkhuleko, elami lalingelesithathu emgqeni, J27, ngakho ngahamba ngazi ukuthi uma ngime phambi kwalomuntu kaNkulunkulu ngiyophiliswa. Sengifika emgqeni, uMfo. Branham wathi wangibona ngisebumnyameni. Wathi "Uyakholelwa kumProfethi kaNkulunkulu na?" Ngathi "Yebo." UMfo. Branham wathi, "Uma uNkulunkulu embula kimi ukuthi yini indaba ngawe, futhi uma uJesu ekuphilisa, uzomkhonza uJesu yonke impilo yakho na"? Ngathi "Yebo." UMfo. Branham

watshela izethameli ukuba zikhothamise amakhanda azo, wayesebeka isandla sakhe ekhanda lami, wayesekhuza udeveli wokwehlulwa wuphuzo empilweni yami, eGameni leNkosi uJesu Kristu, futhi ngasuka emsamo sengikhululekile. Ngazizwa ngokumangalisayo kakhulu ukwazi ukuthi okokuqala empilweni yami ngase ngiKHULULEKILE. "Lowo iNdodana emkhululayo ukhululekile impela." UJesu Kristu waphilisa umzimba wami ngesikhathi semizuzwana, lapho kuwo wonke omunye umuntu ngangiyinkinga. Alidunyiswe iGama laKhe elingcwele. Nganginomhlangano wonke wami uqobo, ngenkathi ngishiya lowomsamo. He, ngangijabule kanjani (ngokuba nganginento ethize engangiyilangazelele yonke impilo yami) kuKristu.

Inenekazi leza kimi, futhi lathi lazizwa lingidabukela kakhulu, ngase ngilitshela ukuthi lalingadingeki likwenze ngokuba uJesu wayesanda nje kuwuphilisa umzimba wami, futhi ngase ngikahle. Langicela ukuthi ngangingayibiza yini indodakazi yalo futhi ngalicela kathathu ukuthi yini eyayingalungile kulo. Lathi yayithengisa izidakamizwa. IFBI yayingakwazi ngisho ukuyithola isikhathi esiyizinyanga, kodwa yase ifike ekhaya manje. Yayingumdansi, noFred Astair, futhi yayidinga usizo. Awu, langinika inombolo yalo yocingo futhi langitshela ukuthi ngiyibize iqoqe. Ngadingeka ngikwenze, ngokuba ngangisanda nje kulahlekelwe ngumsebenzi omuhle. Abantu bangitshela ukuba ngingayibizi. Futhi uMama wami wangitshela ukuthi ngingayibizi, ngibuye ngixoveka futhi. Awu, ngalobo busuku ngiya ekhaya ngivela eHammond, eIndiana, emva kokuba nje ngiphilisiwe, sama ukuba sithole ikhofi noma uayisikrimu (ungangibuzi ukuthi ngadlani ngoba angikhumbuli, ngangixhuxhume kakhulu).

Ngalobo busuku ngafika kuNkulunkulu, ngiMcela ukuba angikhombise ukuthi ngangisindisiwe, ngokuba ngangazi ukuthi ngangiphilisiwe. Ngacela uNkulunkulu ukuba athethelele zonke izono zami engake ngazenza kuYe ngokuba ngangizisola. Ngalinda cishe imizuzu eyi 10, futhi ngilele lapho embhedeni wami nezingalo zami zenekekile wona impela umphefumulo wami washiya umzimba wami, wenyukela kusilingi, futhi ngangesaba. Ngabiza uMama wami, futhi wathi ngangisanda kusindiswa nje. Ngajabula kakhulu. Ngokusa okulandelayo emva kokusindiswa futhi ngaphiliswa, ngasukuma, ngadla, futhi ngatshela uMama ukuthi ngizwa okukhulu ukuqhutshwa ukuba ngiyishayele leyontombazane. Ngaya efonini futhi ngakhuluma imizuzu engama 45 kulentombazane. Yathola zonke izaba ukuba ingayi emhlanganweni, yase-ke ingibuza ukuthi ngangazi kanjani ukuthi ngangiphilisiwe. Ngayitshela ukuthi sasizame yonke enye into, ngakho asizame iNkosi uJesu. Ngaya emhlanganweni ngosuku olulandelayo, emva kokuba

sengisindisiwe futhi ngaphiliswa, futhi ngahlangana nentombazane (kungokokuqala ukuba ngize ngiyibone empilweni yami). Yathola ikhadi lomkhuleko, nenombolo yayo yabizwa. Yangicela ukuthi ngingahamba yini nayo siye emgqeni. Ngakwenza, futhi yangibuza ukuthi ifanele yenzenjani. Ngayitshela ukuba ikhohlwe yiyo yonke enye into, futhi nje ikholwe uJesu Kristu. (Cabanga nje ngangisanda kusindiswa futhi ngaphiliswa ngaphambi kobusuku bayizolo qobo lwami, futhi ngangenza sengathi ngangazi ukuthi konke kwakumayelana nani.) Wayengowokugcina emgqeni, futhi uMfo. Branham wayikhulekela. UJesu wayiphilisa, futhi sobabili sijabule kakhulu ngenkathi sibonana, izinyembezi zehla ezihlathini zethu, sazi ukuthi kwakungamandla kaNkulunkulu asikhululayo. Kumangalisa kanjani ukukhonza uKristu! INkosi iyamangalisa! UJesu wangipha umsebenzi omuhle emva komkhuleko, futhi ngangikhulekela ukukhushulelwa, futhi ngangikuthola, futhi. Ayikho into emehlulayo uNkulunkulu.

Iviki elilodwa emva kokuba sengisindisiwe futhi ngaphiliswa, ngaya emhlanganweni. (Ngaya nsuku zonke emva kwalokho kwaze kwaba sekupheleni komhlangano.) Indoda eyayihamba nathi eyayehlulwa wuphuzo, kanti futhi nomama wami nobaba. Emva kokuba uMfo. Branham eseshumayelile wabiza amakhadi omkhuleko. Ubaba wami wayenekhadi lomkhuleko u R60. Inombolo ebanzi kakhulu ukuba ibizwe, ngakho ngakhothamisa ikhanda lami ngase ngikhuleka. Ngacela uNkulunkulu ukuba asindise indoda ehlulwa wuphuzo, njengoba Enza kimi. Futhi ukuba aphilise ubaba wami futhi amsindise. UMfo. Branham wajika wayesethi, "Intombazane esitezi esiphezulu yaphiliswa evikini eledlule ngento efanayo njengoba unjalo, mnumzane. Iyakukhulekela, kanti futhi ikhulekela omunye umuntu. Nguyise. Msukumise. Beka isandla sakho ekhanda lakhe. Mvumiseni ukuphiliswa kwakhe nensindiso."

Njalo ngikhuleka kuqala, bese ngicelela amaholide ami ukuba aye emhlanganweni kaMfo. Branham. Ngithola ukuthi ngaso sonke isikhathi uma ngihamba ngithola usizo. Ngizwa nginenhlanhla ukuba ngithole ukuya kweminingi impela imihlangano njengoba ngenza, futhi ngeqiniso ngibonga uNkulunkulu. UNkulunkulu umamathekile empilweni yami. Ubaba wami waqala ukuya kuSonto Sikole naseBandleni nomama nami, futhi ngeqiniso nginempilo entsha sha kuKristu. 2 Kor. 5:17: "Kanjalo uma umuntu ekuKristu, uyisidalwa esisha, bheka okwakuqala kudlulile, bheka sekuvele okusha."

Ake ngisho into eyodwa, angikaze ngihalele ukuphuza kusukela ngalobobusuku bukaJulayi 11, 1952. Futhi, iNkosi yasusa injwayelo yokubhema, futhi. Ngakho manje ngiya

ezinkonzweni zasejele ukuzama ukuzuza imiphefumulo kuKristu, nasezimishini ezinemigqa eshelelelayo. Ngiya emabandleni amancane, emabandleni abanzi, noma yikuphi lapho engingafakazelela khona uKristu, ngokuba Ungenzele okukhulu kakhulu. Ngeke neze ngaMbonga ngokwenele. IBhayibheli lithi, "Ozwa amazwi ami akholwe Ngongithumileyo unokuphila okuphakade, futhi akayikuya ekulahlweni, kepha wedlulile ekufeni wangena ekuphileni."

Ngangike ngafakaza kubantu njengoba ngenza manje, ukuba ngangisebudaleni bami uqobo, ngokuba bengiyoba namahloni, kodwa angisekho kumina uqobo, ngikuKristu. UJesu wathi, "Ngoba Ngiphila mina nani niyophila." Ngijabula kakhulu ngomama ongumKristu ongazange adele, ngisho nakuba kwakuhlekiswa ngaye komakhelwane bethu, njl. Kodwa manje ikhaya lethu liyindawo yokujabula. Ngijabula kakhulu ukuthi uJesu wathi "Ngize ukukhulula abathunjiweyo." Ngimbonga ngeqiniso uNkulunkulu ngesihawu saKhe nothando kimi. UNkulunkulu wayizwa imikhuleko kaMama wami, wayibona inhliziyo yami eqotho, ngifuna ukukhululeka, futhi wathuma umProfethi waKhe, uMfu. William Branham eHammond, eInd., ukuletha uKristu empilweni yami. Qiniso, nginenhlonipho enkulu kunayo yonke yomKristu nothando ngoMfo. Branham, futhi ngeqiniso ungumProfethi kaNkulunkulu weqiniso. Ngijabula kakhulu ukuthi uJesu wangibona futhi waqonda, futhi wazi ukuthi ngangifuna ukukhululeka. Alibongwe iGama laKhe.

